

Ipigogo lalihlela umgubho omkhulu wosuku lwalo lokuzalwa. Lwacabanga indlela engenza ngayo lo mgubho uhluke kweminye imikhosi.

“Yebo! Manje sengithole okuthile okuzokwenza abantu bakhulume ngemughubo wami wokuzalwa,” kusho ipogogo ngenkathi livula izimpiko futhi, likhipha izimphamphe zalo kancane, ngenkathi liphenduka.

Ipigogo laziwa ngokuziqhenya, nangokuqhosha livule amaphiko alo, libonisa izimpaphe zalo ezinhle nezinemibala.

“Angizomema zonke izilwane, ngifuna kuphela izilwane ezinamaphiko, lapho-ke njengoba sidansa, sizokhombisa ubuhle bamaphiko nezimaphe zethu. Ngiyazicabanga, ngivula zonke izimpiko zami.”



Ipigogo laqala ukubhala nokuthumela izimemo kuzo zonke izilwane elalifuna ukuzimemema; inkukhu, amadada, impangela nezigwaca.

Isimemo sasithi: Izivakashi kumele zilethe ophatina bazo nazo, kumele zigqoke ezimhlophe kuphela futhi; kuzoba nomncintiswano womdanso. Abawinile bazothola umklomelo omangalisayo.
Bese zaqala umsebenzi, izilwane zifunana nezingubo ezimhlophe.



“Kuyangikhathaza ukuthi kumele ngiyothenga izingubo ezimhlophe okwamanje ekubeni ngizozigqoka isikhashana nje kuphela,” kusho inkukhu ngolaka.

“Ngingakusiza ngokukuphelezela ukuze uyozifuna ngoba awunalo iso lezingubo,” kusho idada lihleka inkukhu.





“Anginankinga nezingubo ezimhlophe, lokhu kusho ukuthi ngizoba ngumnqobi, ngizoba muhle kakhulu,” lisho ngokuziqhenya idada.

Bathi besamatasa bekhuluma, kwavele kwaqhamuka ufudu. “Sanibonani, nikhuluma ngani, ngabe kukhona yini okunihluphayo?” kubuza ufudu.

“Lokhu esikudingidayo akuyona indaba yakho ngoba, awumenywanga kulo mkhosi futhi awunawo amaphiko,” kusho inkukhu.

“Impela, ungazihluphi ngokuza emkhosini, awulona ilungu lomndeni wethu,” kwengeza idada.

Lo mgubho kwaba ngundabamlonyeni, lokhu kwenza ufudu lunqume ukuthola indlela elingaya ngayo yize lungamenyiwe.



Ufudu lwathi enhliziyweni yalo, “Ngiyaya kulo mkhosi, akekho umuntu ozongimisa, lapho bengibona, ngizobe sengivele sengingaphakathi kumgubho."

“Uyazilalela yini fudu, ungayi lapho, uzojabha, wazi kahle ukuthi awumenyiwe, ”kusho inja izama ukweluleka ufudu.

“Lalela lapha mnumzane nja, angibuzanga owakho umbono, angazi nokuthi uthini, ngicela uvale umlomo wakho!”

“Ngiyazisa bekuxhosha ungakadli nokudla,” kusho inja ngenkathi ihleka kancane.

Ufudu lwasala lucabanga indlela engcono olungaya ngayo emkhosini wokuzalwa kwa pigogo. Ufudu lwaqala ukwenza izinhlelo zokuhambela umgubho wokuzalwa. Lwalungafuni ukuthi noma ngubani abone elikwenzayo, lwahlela konke ngasese.

“Uyazi, ufudu lufuna ukuziphoxa ngokuya emcimbini lingamenyiwe,” kusho inja etshela ikati.

“Vele uyeke ufudu lodwa, luyazi ukuthi lwenzani, angifuni ukuzibandakanya kulolu daba,” kusho ikati.

“Ngiyakutshela, kukhona esizokuzwa ngalo mgubho,” kusho inja ngenkathi ishiya ikati.

Usuku olukhulu lwafika, izilwane zazigqoke kahle. Ngokubambisana nabalingani bazo, zahamba zaya endaweni yokugubha usuku lokuzalwa kwepigogo.

Ufudu lungene ngesinyenyela emcimbini, belupende ubuso balo bonke, lufake isifila-buso, ngokumangazayo; kubukeke sengathi lunamaphiko afana nalawo wedada; futhi, lwa hamba ngokuziqhenya.



Kwacalwa umgubho wosuku lokuzalwa, ipigogo lakhwehlela kancane, lashaya ingilazi ngesipuni ukuze izilwane zilalele.

“Ngicela wehlise ukuvimbanisa komculo,” kusho ipigogo litshela impangela; kwasize impangela bekungumphathi womculo.

“Ngiyabonga bahlobo bami ngokuza ukuzogubha usuku lwami lokuzalwa nami, kunokudla okuningi ngeke nikuqede, umakukhona ukudla okusele, ningakuphatha nihambe nakho emakhaya,” kusho ipigogo ngokuziqhenya.

“Okokugcina, sizoba nomnciniswano wokudansa, ozonqoba uzothola umklomelo omangalisayo kimi.”

Izikhulumi zikhulumile, zihalalisela ipigogo ngale ndumezulu yomncimbi wokuzalwa.

Kwalethwa ukudla neziphuzo. Konke kwakukuhle kakhulu. Ekupheleni, zonke izilwane zacula iculo lokuzalwa.



Kwabe sekufika isikhathi somncintiswano womdanso. Impangela yayishaye ujenga lwezigoma ezazigcina wonke umuntu enkundleni yokudansa.

Bese kulandela ingoma isihloko sayo sithi, “Jerusalema”. Kusukume indlu yonke, wonke umuntu ekhombisa amakhono akhe okudansa.

Ufudu lwathi, ”Cha, angizukuzibamba ngiyithanda kakhulu lengoma!”

Ufudu lwabe seluya endaweni yokudansa, lwaqala ukudansa, lwehla lenyuka, lasho ukujuluka, upende ebusweni waqala ukuncibilika.

Ngaleso sikhathi idada lathi: “Ngicela ukudansa nawe?”

Ufudu lwaphendula ngokujabula.

“Kudala ngilulindile lolu suku,” kusho ufudu ngesikhathi bedansa bebambene ngezandla.



Ngenkathi ufudu nodada bedansa, phakathi nendawo yokudansa, ezinye izilwane zazishaya izandla. Kwakucaca ukuthi bazowina umncintiswano womdanso.

Idada belifuna ukubukisa, lase liphakamisa amaphiko kafudu, abheke phezule.



Wonke umuntu wamangala lapho iphiko liwela phansi. Ufudu lwazama ukubamba iphiko, kodwa lwehluleka ngoba ngaleso sikhathi, ufudu lwase luvele seludaluliwe.

Kube nomsindo, "Ufudu lolu, luzenze idada lweza emcimbini lingamenyiwe," kusho izilwane zifuna ukushaya ufudu.

Ufudu lwanamahloni futhi lugcwele amahloni, lwafisa sengathi ngabe umhlaba ungavuleka uligwinye.

"Phuma, hamba! Ngaphambi kokuthi sonke sikushaye," kusho isigwaca ngenkathi sizama ukubamba uphiko lofudu olusele ukuze, zikhipe ufudu ngaphandle komgubho.

“Ngilaleleni nonke! Umuzi wami lona. Akekho umuntu ozoshaya ufudu, niyangizwa!” kusho ipigogo lapho libuka ufudu ngozwelo.

Ufudu alushongo lutho, belimatasa lizipholisa ngesifihla-buso elalusigqoke phambilini.

“Ngicela ningixolele, ngiyaxolisa kakhulu,” kuncenga ufudu.





Inja nekati zazilunguza ngewindi, zazihleka kakhulu, futhi zamemeza zathi, “Lokhu kukusebenzela kahle fudu! kusukela manje kumele uyeke ukuya emikhosini ungamenyiwe!”

